Ipepa lo Hlanga.

JUNE 5, 1903.
LEADER.

ABANTU EMA OFFISI.

Amalungelo omnyama okuba akwenze kube ngumsebenzi wake ukuloba, nokurumusha, noma isenka ntolo noma ise offisi lommeli akude ngokuba kude. Akunakushiwo ukuti icala ngelake ukuba kube kazange avezwe ngokungapezu kwaloku emehlweni elizwe elikanyiswiyo. Kukona pakati kwentsha yabamnyama abanemfundo njeeyanele olwimini lwesi Ngisi, abate futi ngokuhlanguna nabamhlope, ngaso sonke isikati, bafumanisa loko kwazi; okusweleke kakulu ekwenzeni umuntu indoda ekangekayo.

Umuntu ke ekwenzile loko okusemandhleni ake, nyifuncne yini inkutazo yokuba asebenzise impati zobudoda bake ezinjengalezi, eziswelekileyo ekubumbeni imicamango epakamileyo engondweni yomuntu, eagamnika amandhla okuzamelela okulungile ngesikati esapilile.' Ukuze kucace kahle loko esesikutshilo sizakuke sitate izizatu eziyincosana sizi beke pambi kwabafundi betu. Sokudhlule eminyakeni elishumi seloku baqala aba Mmeli ukulobisa abamnyama ema-offisini abo. Kwabakona amatemba amakulu ngalesosikati okuti, sekuyisiqalo sokuseka inkati ebonakalisa, netembisa isikati esihle esizayo kumuntu omnyama oloba e offisi. Isiqalo saba sihle kubo bobabili, umsetyenzelwa, nomsebenzi abanye kulaba baMmeli abakona umsebenzi bawususa pantsi belotyelwa omnyama kukupela e offisi.

Kodwa kute okukuleni komsebenzi, kwafuneka izisebenzi eziningi. Kodwa namhlanje—kakwabi kusafuneka abamnyama, kwati umlobi lona omnyama onetshwa lokuba nesikumba esimnyama owatwala wonke umsebenzi onzima ekuqaleni, wazifunyanisa manje esekugcineni ngasemva, esingati nje ngelifutshane wazifumanisa lapo aqala kona. Kukona inye nje indhlu yaba Mmeli ebonakalisa ubuntu ngalesosikati eside esihlalwe ngulowo omnyama obalo belayo. Sitĩ' ISHILANHLA" kubo! Komi kanje ke, umntu omnyama olobayo soffisini lo Mmeli, noma ikulipi elinye i offisi kanaluto angaqulsekela kulo.

ZIKONA

izotsizwa kubanto abamnyama kulomuzi, eziti, inganti kade zahlala nje zioba kulawo maoffisi aba Mmeli ezisitezwa kube, zibe kanti zisafunyanisa izona nje lanali, elingacendeli ezeu kuloko alakucitayo njengomali avolela umsebenzi yazo. Kako ongalijekayo iginisa lokuti laningi aba Mmeli asebezisu zikalu, bacebu yimali yabanto abamnyama. Labe banto abamnyama badonswa ngalaba abamnyama ababelayo ukuza ema offisi ababi ba Mmeli. Kanti, soko labe abangumkoka ka yenza ukulileleka uma umsebenzi, ngevzole, usukwema sesikukumele. Akusiko akuti loza omnyama olobayo kukaleka amalimi kupela, kepa, akasoko ukulindela ukuti angase apaka eyawe alakwe kwesingapezulu isikundhla. Wenziwa ukuba azitekenze ngokuba amapepa nje ukuza kwa maoffe, aruntsehele nabantu alaleta amasala. Besekuti ke nomo ukwazi kwake kulike pi, kulale kagyeale, kaze kuti isipelo kapelele abamnyameni oba ngapelipi. Njengaloko kunjeza umo, gio omyama olobayo kandelwe futi kanalo nodumo. Akanakoze abazi ubucala nobukulu besikundhla, akanako ukusakela izikundhla esipakeme ekupileni.

Loku ke kungapeliswa ngani? Njengaloku omnyama olobayo eszibonakalisile ukuba imomsebenzi, njengoloku kubonakala ukuti akanakwa; nanjengaloku esamandhla elsantwini bakubo; nanjengaloku sekukotolile ukwazi ngokuhiala kwake isikati eside e offisini loMmeli. Ngani — sibuza ukuba kungani—ukuba sigaqali enye indhlela yokusebenza? Yini engavimbela abamnyama ababolayo ukuba baugahlangani baqale owabo umsebenzi, balungise amacala olaba abamnyama abamangaleleneyo, bawahungisela aba Mmeli babo, njengoba angenzenjalo osaqalayo elungisela uMmeli? Mhlaumbe umteto webandhla lenuiteto ungakwenqabela loku, umcamango wetu, noko, ukolwa ukuti uma lelibandhla kuyiwe kulo kahle, kungaba kona indhlela enhle engeuziwayo. Zikona insuku zokunyakaziza. Ukupila kuftutshane, nezwe futi liyapambili ekuhlakanipeni zonke izinsuku, ilabo kupele abanamandhla okwenza abayakupumelela.

ABA BHUNU.

Zonke izizwe ezitand'ukuma zizisekе zime ziyatanda kakulu ukuba isiseko kube yimfundo. Namhla nje sizwa umsindo omkulu obangwa ngamaBhunu ngenxa yemfundo yabantwana bawo. Elokuqala kambe ilizwi Akala ngesikati ukuba sincane sokufundiswa kwabantwana isiBhalo ezikoleni. Elesibili bubuncane bezikati sokundiswa kolimi lwesiBhunu ezikoleni zawo, Umbuso wase Transvaal kauzinambitanga kahle lezizicelo; ingakoke kukona isililo esikulu emhlanganweni wawo, okutiwa yi Dutch Reformed Synod, Kusemhlotsheni ukuti uma umbuso utshonisa izitende kulelozwi, amaBhuuu azoqala ezawo izikole ezingapandhle kwesandhla sika Rulumeni. Kakuknzeki ke noma amandhla okuwutwala lowomsebenzi obakona ngempela na noma esuswa ligwebu nje.

EZE CHURCH.

U Mr. Ayerst kambe kwakuy'indoda nje ese ikulile, osongati ingajezu kwamashumi ayisitupa, igwele umusa nokutanda kubo bonke, abamhlope nabamnyama. Kepa kwakute ukubuyela kwake ekaya kwakuqala. wagula kakulu, kwaza kwamtatisa isikati eside. Itandhla ke elalimtamile lite uba lihlangane, selikubona konke loku—okwodandala nokwobuhlungu bomzinda wake, laziqomela omunye elimbonayo, o Rev. Norman Bennet, kuze yena azotate leso'sikandhla, inza laba base Church of England bevuna ukumasukela.

Wza-ke o Mr. Bennet, asetunywa lilandhla lido kanye, no Mr. Ayerst (owake engatokomele kahle emzinelemi.) Wat'ubafike kwatokona umuntu wonke ukumbona. A! kanti u Mr. Bennet lo yinizwa nje enkile, esemashomini amatatu, abantsla pezulu nje. Nayite ute afike laja wamukelwa ngalaningi. Umuzo omkulukyo nogapezu kwenkulungwane namkulu amalibi nomuzo.

Ute ute afike lapa u Mr. Bennet wa lihaula konke ebase Natal wase wayeyelela wase Johannesberg elihle njalo. Kodwa kahlalanga ndawoni ishi kakulu, ngoba walesika kulayo nakaleyo ndawo ablale ilanga elikulu kunte amalili, esibenza pakati kwabandhla, kante elinchipe kunte elimnyama. Ute nesika lapa zvala e Johannesberg wati wekhule ngesinope wu engenda e Tekwini, lapo kwala kona nenhlangano omkulu wetandhla elimhlope anduba angene emkunjini, agoduke ayekubo.

Kepa pakati kwaloku konke kukona indaba enkulu eyenziwa libandhla base Church of South Africa. Kukona incwadi etiwa "Church Properties Bill." Ibandhla base Church of South Africa linxusa umPakati omKulu wokuMisa izindaba pakati kwezwe otiwa ukubizwa "Legislative Assembly," lifuna ukuba cinikwe izimpahla namazwe okungokwase Church of England kunikwe i Church of South Africa, lisebenze ngaleyo 'mali elsantwini. ,Kunjalo njalo senizwile ukuti leli bandhla lahlubuka kwelase Church of England, laziniisa ngeniiteto yalo epambene neyase Church of England ngako konke; kwati ukuhlubuka kwalo bashiya yonke impahla, njengomfazi ehlubuka endodeni yake ushiya yonke impahla yendoda, akambe nesidwaba nengubo yokulala kupela. Namhlanje-ke kungati umfazilowo osekade wahlubuka endodeni usemangalela umyeni wake, ufuna ukunikwa amakanzi onke okujeka uezigqiki zendoda zokulala, uyakubanga loko, uti makuze kuye, yena'uminiko ofanele.

Bate ukukuzwa loko laba base Church of England, bavuka umbhejezane, se, bezwa abase Church of South Africa bebarcela inselelo; babamemeza masinyane ngezwi lomfana onesibindi bati "Wozani niyitate!" Kuni lapo-ke namuhla, izingqwelo zijamelene. Umpa kati omkulu ulindwe ukuba uti uba ungene, kungeniswe leyo'ndabakazi. Ai-ke! sobona ekona kwoba yiko omadodeni amakulu ngalo'lusuku.

NATAL NATIVE CONGRESS

UMHLANGANO WABANTU BASE NATAL.

Isimemezelo sokugcina ka lesi abafanele bonke abantu basamkele. Kucelwa zonke izindawo.

LOMHLANGANO UYOHLANGANA E Ndaleni Mission Station ngosuku luka 18TH ku JUNE 1903. Ngenxa yokungapunyiswa kwezaziso kahle Umbhali sokubonakala ukuba uhlelhliselwe kulolusuku ukuze yonke imizi izilungiselele kahle.

2:—

Imizi yonke enezindaba iyacelwa ukuba ize izipatiso abatunywa bayo eyakubatumela, futi isize izitimele ko Mbhali ukuze azifake epepeni lokuma kwezindaba.

3:—

Imizi yonke iyakunjuzwa ukuba izepatise abatunywa bayo u £5 owanqnuyelwa imizi yonke, imiti eminingi nemikulu ayikayikoki lenuali.

4:—

Indawo lapo u Mhlangano uyohlanganela kona kuse Ndaleni Mission Station eduze Nase Richmond. Abaganuka ngasenhla nezwe kungakuhlo bahle ngesaso kuseni, o Mgunkuehlovu, abatunywa balalulekwa ukuba baze babheke inewadi yokuhamba kwezitimela yakwa Rulumeni. Time Table iyona eyobazecisela kahle izitimela eziugabafanela, nakwaba vela ngase zansi. Abangafikanga ngesika o isitimela bayokublangatyezwa ngo li nsuntsambana kwazise zibili kupela izitimela eziya kona ngokungu.

5:—

Umhlangano uyungenwa ngo 10 sukuseza e Ndaleni wakuseza belu kwazise isitimela sifika ngo 9 bayofika sebeblangatyezwa umuzi wase Ndaleni, konke abatunywa bamiti.

6:—

Izindaba ziningi zonkulu futi ezitinta umunto ekutanele zikilale lwe pansi. Yonke ke imizi iyanceugwa ukuba yenze ukukulela ngoqo, ikakulu imizi egudole ulwandhle iyacelwa ukuba ingawudembeseli umhlangano nje ngoba yenza.

YITI ABENU

S. NYONGWANA RESIDENT H. C. C. MATIWANE, UMBHALI

MBONI

He yini yini na lo aboua u Hlanga luvukile molo nkosi yami ngiyakubingelela. Indawana encane nje nkosi yami pela ngisuke lapa ngaya ngapa e Verulam ugiyobona umhlobo u Nyonindala eschlukana naye sibuya emashishini empini ngafika ke ngamkona kodwa angitanga natuba elikulu naye ngoba ngamfumana esekenza ependa izinqola. Ngaae ngidalulela Endwendwe njalo ngite oxa ngise Mutwa ngezwa ukuba indaba iyasha yonke ka Mdhlozini ukuba nje sijuzile sesenziwa indhlala sati ake sizisize kanti siyazibulala sesiyokishwa nje uti akakatali noma amakulu amatatu eje umteto uyowacita e Ramenteni kuu sakoliseka tina bobaba B'eka ngalo wesatywa na amadoda nezi mpunga abanye sebeti noma bebona nganhlanye bacashe au yebo na! inhi! Kunjalo, ngadhlula sengiqonda nami kwati sengidabula pakati komzi ngazibonela ukuba ca sengati nezigwegwe zemiti seziyaqonda mi mfo ka Mdhlozini uwumele umzi wake uyalwa ngizoke ngifake iqata elinonile xola nkosi yami ngokwelula.

UMCULO.

Njengaloku sibe sibikile kwelelhlule ukuti saba sezinyembezini ngokonakala kwandaba zetu zomculo; namhla nje ke sitata uhlupo lokuzipinda futi, Umculo ugobolwawo wabamuhle nje ngaba pela sesenza umunyu womfaneliso wemiculo ebesikade siyibona.

Njengepepa siyakukutokoza loko okutokozekayo; kanti futi nje ngepepa siyakukukesa loko okukesekayo. Isidima somculo sasizwakala kahle nonxa umuntu owayezelene nomculo wayezwa ukuti akukabiko kupelela, mhlaumbe alutatwanga uhlupo lokulungisa, amazsi okokulunse avumelane njengaloku ukufunekayo. Kuba culi ngabodwa sipaula zonke inhlabeleli ezindaba u Mrs. Mtembu no Mr. Dlamini i conductor. Nouxa sasiyakutanda kakulu ukuba babehlabelelise okwemihla njengaloku sibaziyo. U Miss Maimang no Mrs. Kuneue kusa sweleke izibindi kubona njengaluhla beleli lama Solo. Amazwi akona, kepa loko okudingekayo ahakabinayo inhlanhla yokukufumanisa umuzi olabeka endhleleni elungileyo. Setemba ukuti umpati wabahekela kahle ngesikatesizayo. U Mr. Gumede siyadabuka ukuti kabanga yiloko esimazi eyiko ngenxa yomkuhlane owamvelela kona lapa eMgungundhlovu. U Mr. Sopela wakweuze okwake walitola ihlombe kodwa akakwenzanga loko esimazi eyiko.

Singati ngapandhle kwaloku esikukombikyo umculo wabemahle kakulu. Kakulukazi i Duet yao Mrs. Kunodo no Miss Kunodo.

Ekuna Ngisi ipepa eliyi "Times of Natal" lenze nje kona ukukulumu nga konodo:—

Labo abangatandanga abaya kolu kela Umculo wa bantu obukwa Tsini Hobo ngo Mgqibelo nango Msombuluko kesihlwa. okusebala nkubazi sikati isibindhi sezityocoana intkati esitili—lapaseze nento ekungatiwa ibinga seculo emnandi kakulu. Lomculo uqatyua ngo Mr. H. C. Samuelson, itsali eodwayo eyokwenza isikundhlwa sezi Kauti se Busto lase Natala sesesale kulempi ebikosa. Kodwa ke pela nako kungetekiwe ukuti kwaba amculo emnandi ngokwelinganele, kepa kwaba nobala ukuti izizi lomsebenzayana li nokuhlelela endaweni etuseke ngokupelele nya. I-kwaya lisi lingama 20 abantu abapuma o Edendale nase Driefontein, kepa imvokwe yamazwi yainesisindo esilingene neseningi 'labantu kunalabo ababekona. Amagama wona ngoqobo abengawohlobo olunjamile eyelele obukolweni, nase kwaziseni ubukaya. Apata ubukolwa abangawe 'abantu. Uma eselwazi ulwimi lwama Ngisi—nje ngoba kupeta ngaloko—umuntu wakwaZulu, nge qiniso, woba nendhlela yokti pamesela amazwi eyolangela abetu atahlabeleli bapapaleke. Okwamanje kunganjengomona ukuqopa ukupululuka ekubizeni kabi—liti igama elino—a balisisize ngokuidhlule mhlaumbe elibizwa ngokukamisa lalikamisele kakulu okanye banyinye kakulu omlomo. Umpati womculo u Mr. Z. Dhlamini wakalelwa kaningi ngo Mgqibelo kusihlwa ngenxa yokukwazi ukuselenzisa izwi lake elimnandi letona. U Mrs. Mtembu no Miss T. Msimang nabo benaselwa kangako ngokuhlabelela pezulu (soprano) nalo lonke ke i kwaya lenza kahle. U Mr. T. W. Kearsley wabe ngumtshayi wogubhu, kukona Umninimuzi ne Nkosikazi (Mayor and Mayoress) ukuzotisa "umculo.

Sengati noko abaqubi balemiculo emnandi bangabona nje ngati ukuba akufanele yini baboke benze umculo ngamagama 'lantu kupela lawo atandeka kangaka. Amagama ahlatyelelwa ilawo avela ema Ngisini kupela nonxa amanye ayo gawa namazwi esintu

IZINDATYANA.

Kutiwa—i Wasch-bank lizakuqinsika libe sidhlavela kona nedi nowu Konjeke tina bakwazulu kuzakuti ngoba ulwimi (tongue) lwetu lulukuni ukubiza i-Wasch-bank bese kuvama ukutiwa kusasidhlaneleni!

—o—

Kutiwa—imizi emibili yalsnomzane Messrs. D. Mabaso no M. Mazibuko inomcabango wokukipa two guineas yearly eyama peja qwaba sobonga sesuti.

—o—

Kutiwa—sikona isifo esibange pambili zonke izifo zilabhalala nje kutiwa sitawebhu, stiep sivane ezinganeni ingobo kuhlangana kwazo nje, engenasso lapo engasipuzanga engaaigeabanga kosbona amalanga amabili—ngoleli elikonjwa emnweni iqikileke ingane ilayela kungabi ndaba zulnto. Namhlanje nje ekoMntoza akwaziwa sokwe hluleke i Eudres droppels umuti okwakutiwa owake kambe bangasityela abakwaziyo iningi selesaba nokuya nezingane emsontweni ngoba pela kulapo zihlangana kona akuvari futi akngeji neze.

—o—

Kutiwa—ifikile intoka Mabaso neka Sikana pela labeyele a Vuluka sirasi lapo babenayuna kona izinhlanwu kazi yawa ngalapi ngombo.

—o—

Kutiwa—u Mr. P. Gumbi i Edendale endala ubesenzini kaMnotoza kwabaeganatsitandani uvelapi nkosika Gumbi skaya ba uti uyakwazi nje loku ngvushu amapepa omabili u "Ilanga" no "Langa" endala O. Ngaywa ngubani leli ngu Rabele endala O. zitini nkolanga nfana kai laba angisezi kodwa ngikwaziyo lukusi u T. Gule umyeki kalu kwa Wesesi endala baike bengikuzwile nami loko kepake ngizwe no kuti u Mfundisi u Wozana sebe ngewahlile umshadisa manje yebo-bala obe cesane po ulungapi baba ya ngiqonda abahlanga kodwa ngisezihlulu ngakwa Yake ngifuna ukumbona (pela o Gumbi naye uselahlanga) konjo nga nanyana esikuhuya nje kwa Mfundisi for sayizhvutane kuswelele abanye (pumalayo (yayikibeta.

—o—

Kutiwa—sisuke kunoka Tshaka lala sihtangisa e Jozi ngokwenza olu dhlule kodwa sengati akuzoze afuze lala afosilobe ngempelo wokwakla e Germiston abheka empumalande e Boksburg lapo ayapela lapo abutwasela kona ati ndhlel'enhle lagunda lala Mayovu lo-gosi.

—o—

Kutiwa zetukile Kuntozas nsuke ngolwesibili 15th kuyo le, ubusuku bhiogo eporde ekaya lake ngase Ndandi lapo esetyenzisa kona umuntu azazi tole nakupi nantsi nje ozakuzifunayo (J. M. Tabezi Kwanbatck) kupela njalo.

—o—

Kutiwa—laya nyakuza kushazwe ngaledhlule baka mazele nezibuya balola lungiselela ukuvuna pela kona angetenge yini ngakona

UKUCELA KUA KME ÜBHAQA KU MBRAQW NYADU

KUMBILELI WELO HLANGA Mngane,—Enyanyadu tion ngo 25th May 03 mdhlalo omkulu ongaz Enyanyadu ngapanhl Football and Choir, loku holiday ka Kutiwa.

Hayike nati zibizeli bukela, lokupela tina ve kwaya awuna siyakwaz ama Football sesifuna esi me kukona nama Foot sasesilibangisa kona.

Hayike i Football pra 9 a.m. kwaza kwaba Kepa ke Mbleli, iz yinye uluka kulawa hours) abako abahleke kupe namagama awe " Brave Shooters " i Dun Again." Wafunanisa Chael Cele, sebenze

Njengoba sengitshi abahlulwayo, akuke ngena ngakona ama "Zo abate ayayingenisa kona enqaba aus 'Cone Agai ma ‚C A' ayayingena Shooters' enpala ama kwabase kugcinosi, hayike ilhlalo. we Football kwaba ekaya sekusakuyiwa kona kutiwa umuzo wase 4 o'clock ntambam yokudinwa akubhala abadhlali bebhola kwaza kwase ya yonbhili Dundee kwaze kwakona

Kwatike ngo 6.30 p.m kwaya yase Nkayale qwa, ina inhlupe ngenxa futi iningi kakuhi pala bata izitule enhlanzeni

Isuku pela beake na ngo 6d ningene Kute lapo izubeli ngoku yase ifikile ikaya le Dundee) kukupela ngu Mr C R. Dhlamini Noah Mapaga wakona Mr Dhlamini ekaneta indhlela yekaya le yelelekeka ngena ngoba inkati kwati yatabata indhlela ezihle du indhlalo enhle Chairman ngo Ngu T Chairman ngo Ka Chief T. Gule J. Cunjwa, J. Magwaza Chairman Pela kuna Cunjwa, Nkosi kwa Cunjwa Nkosi layo izwise ngo Mr S. calo—33 "Kangeli nkosi ndaza u Mr Mapaga yonza ubezi ngoku acinta enye ngokwa Kwakala u Nxumalo Enyanyadu ngo August ngo mas yapela yabuka Dundee yase (Dundee ekaut Cunjwa Cele wase